
# Izinto engizisikile





**Onodoli beminwe:**
Khetha isilwane esi-1 ubhale usonhlamvukazi wegama lakho eyembeni laso. Manje bhala osonhlamvukazi emayembeni abangani bakho aba-4.




**Amaphazili ezinombolo:**
Sika ulandele imigqa yamachashaza wenze amakhadi asiza ukuqondanisa izinombolo. Manje qondanisa izithombe nezinombolo ezifanele, noma nenani elifanele lamachashaza. Ungazisebenzisa izimo uma kudingeka.



**Umdlalo wokuzikhumbuza:**
Sika amakhadi ulandele amachashaza amnyama.
Shova amakhadi uwabeke etafuleni uwabhekise phansi.
Yembula amakhadi amabili esikhathini ngasinye. Uma evumelana wabeke eceleni. Thola ukuthi ngubani okwazi ukwenza lokhu aqede abeke eceleni wonke amakhadi kuqala. Sebenzisa ikhono lakho lokukhumbula udlale umdlalo wokushaya amakhadi nomngani wakho.



**Izilwane zephepha lasendlini yangasese:**
Thola amarolo ephepha lasendlini encane. Wasike abe wonxande bese unamathisela onxande abakhulu ngeglu ukuze kuvaleke amashubhu. Sika amakhanda uwanamathisele kumarolo kwesingenhla. Sebenzisa izitikha zezilwane ukunamathisela ubuso emakhanda ngokuthanda kwakho. Namathisela izingalo, imilenze kanye nemisila esilwaneni ngasinye kumarolo.
Dweba noma uzakhele ezakho izilwane nawe.

